**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LAMABHULOHO EMNWENI NASETHONYELANI E-BERGVILLE NGOLWESIBILI MHLAKA 19 APRIL 2011**

Mphathi wohlelo;
INkosi yaseMaNgwaneni;
Amakhosi wonke akhona;
IMeya yoMkhandlu wasoKhahlamba;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhloko yawo uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha oKhahlamba sizokuthi egameni loMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natali, halala ngentuthuko eqondene nalendawo yaseMaNgwaneni.

Umcimbi wanamhlanje uyingxenye yochungechunge lwezinhlelo zethu njengoHulumeni wabantu zokuya emphakathini kuthi uma sesifikile bese kushintsha izimpilo zabantu. Lezinhlelo silokhu saziqala kusukela ngo-October wonyaka odlule lapho, njengosiko lwethu kuHulumeni, sinikezela ngokusemthethweni yonke imisebenzi efika noHulumeni wabantu ukuzothuthukisa izimpilo zabo zibe ngcono.

Phezu kwalokho futhi sithe kumele sizikhumbuze ngama-project angakenziwa kulendawo okungenzeka ukuba mhlambe ayesethenjiswe emiphakathini ngesikhathi sozakwethu abebephathiswe lo Mnyango phambilini, ukuze sifeze lezo zibophezelo.

Siyazi phela ukuthi ngenxa yobukhulu besifundazwe nezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo, kuyenzeka eminye imisebenzi ithathe isikhathi eside ukuba siyiqale emiphakathini yethu.

Elinye igebe futhi livulwe nangukuthi ngenkathi singena kulo Hulumeni ngo-2009, sike sabambezeleka ngenxa yenzikamnotho ebihlasele umhlaba wonke, kanti kunesikhathi esikhulu esithathwe ngamalungiselelo eNdebe yoMhlaba.

Manjena-ke sikubona kubaluke kakhulu ukuba size emiphakathini sichaze konke lokhu ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo. Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Kwezinye izindawo esihamba kuzona siyaye size sibachazele abantu bakithi ukuthi enye inselelo esibhekene nayo lapha KwaZulu-Natali ngukuthi kuke kwadingeka izinhlelo zentuthuko zithi ukulinda, zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi loHulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni.

Siyazi ukuthi bekungenzeki lutho oluphucula izimpilo zabantu ungakathathi uHulumeni kaKhongolose. Yingakho sinibongela futhi ukuthi abanye benu lapha bagcine sebebona ukuthi ngubani oletha izidingo zabantu kubantu. Akekho-ke okumele aniphoqe ukuba niziqokele, kukumuntu nomuntu ukuzikhethela ukuthi kumele uHulumeni wenu esifundazweni aholwe obani.

Nakuba silikhalela leliya shumi leminyaka elalahleka ngenkathi engakathathi uKhongolose kulesifundazwe, kodwa siyabonga ukuthi kule minyaka eyisithupha esenisinike yona abantu abaningi sebephumele obala basho ukuthi sebeyawubona umehluko emiphakathini yabo nasezimpilweni zabo. Sekuyabonakala ukuthi ishumi leminyaka manje lizophela usumkhulu umehluko owenzekile.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana koHulumeni basekhaya nowesifundazwe. Inkinga esesiyitholile kwezinye izindawo ngukuthi intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abafuni ukubambisana nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Kuyacaca ukuthi kusekhona abantu abangakaqondi ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Namhlanje sizozibophezela phambi kwenu emini bebade ukuthi umphakathi, ikakhulukazi abafundi abanganeno nabangaphesheya komfula iThonyelani, sebezokwazi ukufinyelela ngebhriji lezinyawo ezikoleni iNsetheni Primary, iVuma High School, iMondisa Primary, iQhozo High School, iSandokuvukela Primary, i-Gloeckner Memorial Senior Primary ne-Khali High School.

Sizozibophezela futhi ukuthi imiphakathi yaseSandlwana ehlukaniswe umfula uMnweni nomphakathi waseManzana naseNgoba usuzoxhumana kalula ngenxa yebhriji lezimoto esizolakha kulo mfula uMnweni.

Umsebenzi wokwakha ibhuloho eMfuleni uThonyelani uzokudla ngaphezulu kuka-R6 million, bese kuthi owaseMnweni udle imali ebalelwa ku-R7 million. Ngifisa ukusho-ke futhi ukuthi siyaqhubeka nomgomo wethu wokuthi uhlelo lokwakha lonke kumele luqinisekise ukuthuthukiswa kwamakhono kubantu bendawo. Umnotho kumele usale kubantu bendawo.

Siyanxusa-ke ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu bendawo abawadingayo, hhayi amalungu eqembu elithile.

Isikhathi sobandlululo sadlula kudala ngakho-ke akekho umuntu okumele acindezele omunye ngoba engakholelwa kulokho omunye akholelwa kukona. Esikufunayo ngukubona izindawo zasemakhaya zithuthuka ngesivinini manje.

Yingakho-ke uthola ukuthi emalini ebalelwa ku-R248.43 million esiyifake ekwakheni nokugcina imigwaqo isesimweni esifundeni sasoThukela kulo nyaka wezimali u-2011/12, ingxenye eningi yayo ingene ezindaweni zasemakhaya.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba njengoNgqongqoshe obhekele nezokuPhepha kulesifundazwe, ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

Sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho. Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo emazingeni aphansi.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho. Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga.**